

IMIYALELO ZOKUSEBENZISA
Isistimu Ye-Ponseti® Lite Foot Abduction Bracing (FAB)
Ama-Ponseti® Lite Boots
I-Ponseti® Lite Bar

Ishicilelwe: 2023

Ukusetshenziswa Okuhlosiwe Nezinkomba

I-Ponseti® Lite FAB ihloselwe ukuthi isetshenziswe izingane okulungiswa unyawo lwazo olukhubazekile ngokwelashwa Kwendlela ye-Ponseti. I-Ponseti® Lite Bar kanye ne-Ponseti® Lite Boot uma kuhlangeke kwenza i-Ponseti® Lite FAB System. I-Ponseti® Lite FAB yokulawula ububanzi obutusiwe kanye nokuma konyawo olukhubazekile kwe-clubfootolungisiwe. Isistimu yebha enobubanzi obulungiselekela izimo isebenzisa izindawo zokufasa eziningi ukuze zivumelane neziguli ohlelweni lokwelashwa lulonke futhi ikwazi ukufaswa nokukhishwa kalula ku-Ponseti® Lite Boots kusetshenziswa isistimu "Yokufasa Ngokushesha". I-dorsiflexion kanye nokunyakaziseka kulawulwa ngesiqeshana sokufasa ngokushesha esisebenza njengegiya kumadigri angu-10 no-15. Le sistimu yenza kube lula ukusebenzisa.

I-Ponseti® Lite Foot Abduction Brace (FAB) ihloselwe ukuthi isetshenziswe Endleleni yokwelashwa ye-Ponseti yokulungiswa kwe-Congenital Talipes Equinovarus (CTEV) ezinsaneni nasezinganeni ezingaphansi noma ezilingana neminyaka yobudala eyisishiyagalombili. I-brace ihloselwe ukuthi kuvinjelwe ukuwa (ukukhubazeka kwesithende kwe-equinus ne-varus).

Izinzuzo Zokwelashwa

Isistimu ye-MD Orthopaedics Ponseti Lite FAB igcina isimo sokukhubazeka kwe-clubfoot okulungiswe ngendlela yokuma kwamalungu ozimba kuze kube yilapho umhlinzeki wokunakekelwa kwezempilo ebonisa ukuthi idivayisi ayisadingeki ngemva kokulungiswa okuyimpumelelo nokwesekwa njengoba kuchazwe uDkt. Ignacio Ponseti (Indlela ka-Ponseti), enezinga eliphansi uma kuqhathaniswa lobungozi bokubuyela emuva/bokuphindeka kanye/noma ukungenelela ngokuhlinzwa.

Ulwazi Lokukhiqizwa

I-MD Orthopaedics, Inc.
604 North Parkway Street
Wayland, IA 52654 USA
www.mdorthopaedics.com
1-877-766-7384

Umkhqizi ngeke abekwe icala ngokulimala kwezinto ezibalulekile noma ukulimala komuntu siqu okubangelwa ukuphathwa ngendlela engafanele noma ukungathobeli imiyalelo. Ezimweni ezinjalo, iwaranti izohoxiswa. Iwaranti Yesistimu ye-Ponseti Lite FAB ingunyaka owodwa ngaphansi kokusebenzisa okuvamile. Ukusebenzisa okuvamile kuchazwa njengomsebenzisi oyedwa olandela ukusebenzisa okuhlosiwe.

I-MD Orthopaedics ayinikezi ngokwelashwa, izeluleko noma izincomo mayelana nobungozi nezinzuzo zokwelashwa, okuhlenganisa nokwelashwa okubandakanya ukusetshenziswa kwemikhqizo ye-MD Orthopaedics. Lolu lwazi kufanele lunikezwe ngumhlinzeki wezempilo owelapha ingane yakho kuphela. Uma unemibuzo mayelana nokwelashwa kwengane yakho, kubalulekile ukuthi uxoxe ngaleyo mibuzo nomhlinzeki wezempilo ofanele.

Imiyalelo Yokuhlaza

I-Ponseti® Lite Bar



Ihlanzwa kusetshenziswa insipho emnene nendwangu emanzi. Ungayicwilisi emanzini.

Ama-Ponseti® Boots



Wawashe ngesandla noma ngomshini usebenzisa amanzi aphilile, nensipho yokuwasha emnene. Kungasetshenziswa umjikelezo wokuwasha omnene. Yomisa emoyeni, ungafaki emshinini wokomisa. Ungasebenzisi amanzi ashisayo lapho uwasha.

Ukulungiselela

Isistimu Ye-Ponseti Lite FAB ithunyelwa ngezinga lokushisa kwegumbi okuvamile futhi ayidingi ukuphathwa ngendlela ekhethekile phakathi nokuthuthwa noma ukuginwa.



Isinyathelo 1



Isinyathelo 2






Isinyathelo 3

Qaphela: Kubalulekile ukuhambela wonke ama-aphoyintimenti omhlinzeki ahleliwe ukuze kuqinisekiswa ukuthi izilinganiso zamahlombe kanye nokulungiswa kobubanzi bebha kuqedwa ngendlela efanele.

Ukuze uthole ulwazi lokulinganisa thumela i-imeyili kokuthi info@mdorthopaedics.com

1. Ububanzi bebha kufanele bufane nobubanzi behlombe lengane ukuze kunqunywe ukuthi iziqeshana zokufasa ngokushesha kufanele zibe kuphi. Iziqeshana zokufasa kufanele zisethwe ukuthi ububanzi bebha bulingane – noma buvuleke kancane kunezilinganiso zamahlombe wengane.
2. Faka isikulufu kwisiqeshana sokufasa okusheshayo ku-dorsiflexion oyifunayo ngokuyalelwa umhlinzeki wezempilo. Sebenzisa i-screw driver se-#2 Phillips ukuze ukulufe isiqeshana sokufasa ngokushesha kubha.
3. Beka ibha eceleni ukuze ubeke ibhuzu onyaweni lwengane.


Imiyalelo Yebhuzu




Isinyathelo 1




Isinyathelo 2



Isinyathelo 3




Isinyathelo 4




Isinyathelo 5

1. Faka ibhande elingaphezulu ocezwini lwesikhumba oluxegayo.
2. Faka unyawo lwengane ebhuzwini livuliwe, nakhongco engaphakathi (ebheke olunye unyawo).
3. Qinisa ibhande eliphezulu futhi ulibophe ngokuqinile endaweni.
4. Bopha ibhande lezinzwane, uqinisekise ukuthi unyawo lwengane luyisicaba futhi izinzwane ziqondile. Qiniseka ukuthi iqinile ngokwanele ukugcina lbhuzulisendaweni.
5. Hlola imbobo engemuva kwebhuzu ukuze ubone indawo efanele yokubekwa kwesithende.

Imiyalelo Yokuxhuma Ibhuzu Nebha




1. Faka isiqeshana sokufasa kwesoli Yebhuzi.
2. Phusha kuze kube yilapho uzwa umsindo othi "qhafa". Qinisekisa ukuthi Isiqeshana Sokufasa Ngokushesha siyasebenza ngokudonsa ibhuzi ukuze uqiniseke ukuthi alinqamuki kubha.
3. Ukuze ukhiphe lbhuzikubha, cindezela ngokuqinile kokuthi "PUSH" ngenkathi uhlehlisa ibha ize ikhululeke.



Ngenhla kuboniswa Amabhuzu Nebha okuxhunywe ngokugcwele.

Ukufaka Izandiso



1. Beka isandiso phezu kwebha.
2. Izikulufu ezingu-2 zizodinga ukukulufwa kusetshenziswa i-screw driver se-Philips. Qiniseka ukuthi izikulufu ziqinile.
3. Uma izandiso seziboshiwe, beka isiqeshana sokufasa endaweni oyifunayo kubha bese ukulufa isiqeshana sokufasa ngokushesha kwisandiso.
4. Uma Isiqeshana Sokufasa sekuboshiwe kubha landela imiyalelo Yebhuzu.

Ubungozi Nezinkomba-simo

Ungalokothi usebenzise amabhuzu noma ibha eyonakele, ephukile noma engasebenzi ngendlela efanele. Ukushintsha isakhiwo Sesistimu Ye-Ponseti Lite FAB akutuswa.

Ulwazi Lwezokuphepha Oluphathelene Nokusetshenziswa

- o Landela imiyalelo yomhlinzeki wezempilo oqeqeshiwe noma uhlelo lokwelapha.
- o Thintana nomhlinzeki wakho wezempilo ngokushesha uma ingane izwa ubuhlungu, iba namabhamuza, izilonda, noma uma ibhuzi libonakala lishelala onyaweni lwengane.
- o Kufanele kugqokwe amasokisi lapho ugqoke amabhuzu.
- [I] Qaphela:** Ukusetshenziswa kwamasokisi kwehlisa ubungozi bokushelela Kwebhuzi, ubuhlungu, ububomvu, amabhamuza, nezilonda.
- o Izingane akufanele zime noma zihambe ngamabhuzinebha.

Uma umsebenzisi kanye/noma isiguli sihlangabezana nanoma yisiphi isigameko esibucayi esenzeke ngokuphathelene nedivayisi, kufanele kubikwe ku-MD Orthopaedics, Inc. kanye nesiphathimandla esifanelekayo lapho kuzinze khona umsebenzisi kanye/noma isiguli.
















Ukulahla Ngokuphephile

Amabhuzu nebha angalahlwa kudoti ovamile. Azikho izingxenye zedivayisi ezikwazi ukulondolozwa ukuze zisetshenziswe kabusha.

Ukusebenzisa kabusha Idivayisi

Zonke izingxenye zaziklanyelwe ukusetshenziswa isiguli esisodwa ngaphansi kwezimo ezijwayelekile zokusebenzisa futhi njengoba kunqunywe umhlinzeki wezempilo. Ukusetshenziswa okuvamile kuhlenganisa ukusetshenziswa kwansuku zonke kwamabhuzu nebha kuze kufike emahoreni angu-23 ngosuku, noma njengoba kutuswe umhlinzeki wezempilo.

I-Symbol Legend

Uphawu	Incazelo	Uphawu	Incazelo
	Amabhuzu		Isexwayiso
	Ummeleli Ogunyaziwe Emphakathini Wase-Europe		Usuku lokukhiqizwa
	Umkhiqizi		Ongenisa irekhodi
	Isiguli Esisodwa, Ukusebenzisa Kaningi		Akukhucululiwe
	Kubonisa ukuthi Into Iyidivayisi Yezokwelashwa		Inombolo yekhathalogi
	Uphawu lwe-CE (ngokuhambisana Nomthetho (EU) 2017/745 wePhalamende laseYurophu kanye nowomkhandlu wangomhla ka-5 Ephreli 2017 ophathelene Namadivayisi Ezokwelashwa)		Ikhodi yebheshi
	Ulwazi olubhekwa njengolubalulekile, kodwa olungahlobene nobungozi		Imiyalelo Ye-Electronic Yokusebenzisa
	Ummeleli Ogunyaziwe e-Switzerland		



MD Orthopaedics, Inc.
604 North Parkway Street
Wayland, IA 52654 USA
www.mdorthopaedics.com



MedEnvoy
Prinses Margrietplantsoen 33
Suite 123
2494 AM The Hague
The Netherlands



Emergo Europe B.V.
Westervoortsedijk 60
6827 AT Arnhem
The Netherlands



MedEnvoy Switzerland
Gotthardstrasse 28
6302 Zug
Switzerland